


UMkhankaso Wezinhlango Zomphakathi Maqondana Negciwane iKhorona unqanda amahlebezi nemibono evela emiphakathini ukuze kuvalwe igebe lokutholakala kolwazi phakathi kukahulumeni, abezindaba, amaNGO, abezamabhizinisi kanye nomphakathi. Ngokuhlinzeka umphakathi ngamaqiniso angephikiswe, lezi zindaba zeGciwane iKhorona zihlose ukwenza ngcono ukuqonda izidingo ezimayelana neGciwane iKhorona nokuveza amahlebezi ngaphambi kokuba adale umonakalo omkhulu.

UKUXOXISANA NGOHLELO LWENKOKHELO YE-UIF

Izinkampani eziningi zibhekana nezinkinga zokuthola izinkokhelo ezikhethekile zeCOVID-19 UIF ezikhona zezisebenzi zazo. Ezinye zezinkinga ezikhona ngezokuthi yizisebenzi ezithile ezingakazitholi lezi zinkokhelo, kanye nokuthi izisebenzi zokufika azikhokhelwa. Izisebenzi ezinikezwe izinhlabakhefu, eziphunyuziwe okwesikhashana, noma lezo abaqashi bazo abangakwazi ukukhokhela amaholo azo agcwele kufanele zikhokhelwe ngenkokhelo ekhethekile evela kwi-UIF, ebizwa ngeCOVID-19 Temporary Relief (i-TERS). Imali enkulu ezotholwa yizisebebenzi ngu-R6,730 ngenyanga (uma sihola ngaphezulu kuka-R17,700) - bese kuthi encane kube ngu-R3,500. Imali eyisilinganiso esiphakathi nendawo ekhokhwayo ngu-R5,000. Embikweni wanamhlanje, sibuka ukuthi yimiphi imigomo ebekiwe ukwenza uhlelo lokukhokhelwa lube ngcono.



Kusukela ekuqaleni kwaleli sonto, i-UIF ikhokhe cishe izigidigidi ezingu-R9.5 emhlomulweni okhethekile weCOVID-19- okumele utholwe yizisebenzi eziyisigidi esingu-1.9. Isamba esiyizigidigidi ezingu-R2,2 kusalindwe ukuthi sikhokhelwe izisebenzi njengoba lesi sikhwama sisadingida imibuzo yabadinga usizo.



IMIBUZO NEZIMPENDULO

Yiluphi uhlobo lwesibonelelo olukhona?

ICOVID-19 Temporary Employer Employee Relief Scheme (iCOVID-19 TERS) okuyisikhwama sezibonelelo zesikhashana zomqashi kanye nezisebenzi; sihlinzeka ngesibonelelo semali ezisebenzini ezilahlekelwa yimiholo ngesiqhathi semvulelwakhaya. Noma yiluphi ibhizinisi elibhalisile kwi-UIF elingakwazi ukukhokha amaholo ngenxa yemvulelwakhaya lingafakela izisebenzi zalo ezibhalisile izicelo. Abaqashi bangafakela izisebenzi zabo nge-intanethi kulesi sizindalwazi: <https://uifecgc.labour.gov.za/covid19/>.

Kunokungenami ngenxa yokuthi bambalwa abaqashi asebezitholile lezi zinkokhelo ngokwesikhwama. Kungani kwenzeka kanjena?

Uma kukhona okushodayo ezicelweni, kuthunyelwa imibuzo kumqashi ukuze kutholakale ubufakazi obuthe xaxa nokuyikhona okwenza kube nokubambezeleka. Qaphelisisa la maphushana ajwayelekile - ukufakela izisebenzi ezingabhalisile kwi-UIF, imininingwane yasebhange engaqondile, yimininingwane yabasebenzi engaphelele; kanye nezisebenzi ezingayikhokhi imali ye-UIF inyanga nenyanga. Buza ngezicelo ku-0800 030 007.

IMIBUZO NEZIMPENDULO

Kwenzekani ngabadabuka emazweni angaphandle abaqashwe ngokusemthethweni?

Kuke kwaba nokubambezeleka ekukhokheleni izisebenzi zangaphandle ngenxa yokuthi uhlelo lwezobuchwepheshe lomnyango wezabasebenzi aluzazanga izinombolo zamaphasiphothi nangenxa yokuthi iningi lezisebenzi alizange lithunyelwe ngabaqashi. Umnyango usebenzisana noSARS ukuze kuphuthunyiswe izinkokhelo zezisebenzi zangaphandle.

Sizilandela kanjani izikhalazo?

Isikhungo sezingcingo sithola cishe izingcingo ezingu-70 000 ngosuku, ngakho-ke izikhathi zokulinda zinde. Sekuqashwe izisebenzi ezisebenza esikhungweni sezingcingo futhi umnyango usuphinde wacela umphakathi ukuthi uxhumane nawo kuTwitter @UIFBenefits kanye nakuFacebook @UIFZa. Iminingwane yokuxhumana iyatholakala lapha- <http://www.labour.gov.za/department-of-employment-and-labour-provides-uif-contact-details-for-ordinary-unemployment-benefits>

Source: SA Dept of Labour